

**Speech by KZN Health MEC, Ms Neliswa Nkonyeni on  
the occasion of the TB Blitz at Enseleni**

**03 October 06**

Namhlanje sithe asihambele lendawo yase - Nseleni ukuzobonisana nani ngezindlela esingazisebenzisa ukugwema izifo ezingasiphatha isidingo singekho.

Lomkhankaso esikuwo namhlanje ukhombisa ngokusobala ukuthi abaholi bezwe liphela bakhathazekile ngokudlanga kwe TB kulelizwe.

Umkhankaso lona uqhuba lona okade sinawo endaweni yase Msinga ekuqaleni konyaka, uphinde ulandele lona asaba nawo enkabeni yedolobha leTheku waze waphelela ezinkundleni zemidlalo elokishini lase Mpumalanga eHammarisdale ekuqaleni kwenyanga ka August.

Sizobuyela futhi endaweni yaseMsinga njengaloku sekuzwakele ukuthi khona sekubheduke le TB enamandla nesibizwa ngele XRD.

Namhlanje silapha kulomphakathi waso Thungulu ngoba nayo ingeinye sizifunda ezibaliwe ukuthi zinayo lenkinga yeTB.

Masikubeke kucace ukuthi abahlali balendawo esikuyo babalelwa ku 130 000 kanti ke laba okumanje abahambela izikhungo zethu belashelwa I TB bangu 700.

Thina njengoMnyango asinayo nencane inkinga yokubelapha bonke laba abaphathekile. Kubalulekile kuwo wonke umuntu okhona lapha ukuthi azi aphinde atshele nalaba abangaphumelelanga ukuthi ukuhlololwa I TB kanye nokuyelapha sikwenza mahhala.

Masazisane amaqiniso, wonke umuntu azi ukuthi ukwelapha I TB thina kusidla imali engu **R400** ngomuntu emunye. Loku kusebenza kuphela kulaba abazimisele ukudla imithi ngendlela esibatshele ngayo. Lokulapha kuthatha isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha.

Kulaba abangalaleli ukuthi amaphilisi adliwa kanjani, nangaziphi izikhathi, sithi mababheke inkinga enkulu ngoba basengcupheni yokungenwa I **MDR TB** [ multi drug resistant TB]. Ukulapha lowo muntu ke kube sekudla thina imali engaphezu kuka **R24 000**, naye lona ophathekile azithole esihlala esikhathi eside esibhedlela, eseqhelelene namalunga omndeni wakhe.

Umuntu uma eqhubeka nokungalaleni, izinto zihamba zishintshe bese lona ogulayo ehlaselwa ile TB engalapheki nesihambe nemiphefumulo engamashumi amahlanu endaweni yaseMsinga, yona ke ebizwa ngele XDR [ extreme drug resistant]

Masingazikhohlisini bakhithi, makusicacele ukuthi eNingizimu Africa i TB, ibulala abantu abaningi ukudlula zonke izifo ezithathelanayo.

Zibheke uphinde ubhekelele laba abaseduze kwakho wazi ukuthi kungenzeka ukuba une TB, uma unalezimpawu ezilandelayo:

- Ukukhwehlela isikhathi esingaphezu kwamasondo amabili
- Ukukhwehlela igazi
- Ukungakuthandi ukudla
- Izinhlungu esifubeni
- Ukukhathala noma ukuba buthakathaka komzimba
- Ukujuluka ebusuku noma kubanda, kanye
- Nokuba nephika kalula

Lezimpawu zifuna uphuthume emtholampilo ngoba nawe ungasiza ekuqedweni kwe TB.

Abantu abasengcupheni yokungenwa yi TB yilaba:

- Yilabo abahlala nomuntu onayo, ongayelaphi.
- Izingane ezineminyaka engaphansi kwemihlanu
- Abantu abaphila negcewane legculazi
- Abantu abaxhaphaza kakhulu utshwala
- Abantu abasebenzisa izidakamizwa
- Abantu abakhathazwa istress, kanye
- Nabantu abahlala ezindaweni ezingangenisi umoya ngokwanele

Masibambisaneni silwasane nokuqeda ukucwasa kanye nokukhipha inyumbazane laba asebenzenwe isifo se TB.

Umphakathi mawazi ukuthi uma lona one TB eseqede amaviki amabili edla i treatment, akabe esaba yingozi kulaba ahlala nabo.

Masithathe I TB njengesinye sezifo ezihlupha imiphakathi ngoba iqiniso langempela ukuthi I TB ingakungena nawe.

Kubalulekile wazi ukuthi i TB, iyelapheka, iqedwe noma ngabe usunalo igciwane le HIV.

Labo Bantu abadla ama ARV's kuhle bazi ukuthi imithi ye TB ayixabene namaphilisi abo. Umehluko ukuthi awe TB

uwadla izinyanga eziyisithupha kanti ama ARV's uwadla impilo yakho yonke.

Khumbula , nawe ingakungena i TB uma uhlala nomuntu usenayo, nongayelaphi.

Thina njengoMnyango wezeMpilo siyazi ukuthi kubalulekile ukuthi udle ukudla okunomsoco ukuze uphile. Siyazi futhi ukuthi angeke ukwazi ukumelana namaphilisi kungekho lutho esiswini yingakho sikhapha ama food parcels sinekeza laba abaphathekile. Umphakathi ngokugcwele sithi wona mawubuyele enhlabathini, yiko nje ngiphethe lamathuluzi okwenza izingadi.

Impilo iyasetshenzelwa.

I thank you.